# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *48/2013: Intshumayelo ngesonto 18 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 29. 09. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 187/156

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga ngemiyalelo yakho usambulele intando yakho. Mawusisize ngoMoya wakho oNgcwele ukuba siyifunde, siyikhumbule njalo, sikhumbule kakhulu ukuthi ngeNdodana yakho uJesu Kristu usambulele ukuthi abakuthandayo bayagcina imiyalelo yakho, sikhumbule neqiniso elikhulu esilambulelwe ngezwi lakho ukuthi ngemiyalelo yomthetho wakho siyazi ukuthi siyizoni, nokuthi ngokwazi izono zethu siyaqhutshwa, siyayalwa ukuba sigijimele kuKristu, sithole intethelelo nensindiso kuye esiyambulelwe ngevangeli likaJesu Kristu engamandla akho okusindisa bonke abakholwa nguye. Mawusihole kulokhu kukholwa njalo ngenxa yothando lwakho olukuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:17-19;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Marku 12:28-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise

5. Iculo 24/129

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Izwi lentshamayelo** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Eksodusi 20:1-17, lithi: AUNkulunkulu wakhuluma onke lawamazwi, wathi: NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibhithe indlu yobugqila. Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami. Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini ngaphansi komhlaba; ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina-Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo, kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami. Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova

akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe. Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho; kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza-msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi osemzini wakho; ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokho uJehova walubusisa usuku lwesabatha walungcwelisa. Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe-zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona. Ungabulali. Ungaphingi. Ungebi. Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho. Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho,  nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho. Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo egameni leNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu, ngezwi lentshumayelo yanamuhla sibuyiselwa ekilasini lomqiniso, noma labo ababebhapathizwa sebengabadala babuyiselwa esikhathini, mhla befundiswa ukuzilungisela ukubhapathizwa. Ebandleni lamaLuthere kuyafundiswa iKhathekisemu elinezinhloko eziyisihlanu. Eyokuqala kuzo iyimiyalelo eyishumi. Kuhle, uma amakholwa eyazi imiyalelo eyishumi nencazo yayo, eyikhumbula kahle ukuba azinikele njalo ukuzihlolisisa ngokusho kwayo, aqondise ukuhamba kwawo ngesilinganiso semiyalelo kaNkulunkulu. Kuhle uma ekwenza lokhu ngokukhumbula ukuthi yimaphi amazwi asasibopha nanamuhla esikhathini esilandela ukufa nokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristu, njengokusho kwayo imiyalelo echaziwe yiNkosi yethu uJesu Kristu nabaphostoli bakhe kakhulu maqondana nomyalelo wokuqala, nowesithathu.

Kanti kukhona abathatha amazwi emiyalelo ungathi uJesu engakafiki emhlabeni ukuzifakazela ukuthi uyiNkosi yesabatha, ungathi uJesu engakafiki emhlabeni ukusola izazi zomthetho zabaJuda nabaFarisi ababebeka icala elikhulu kuJesu, mhla esiza abantu ngokubaphulukisa nokubakhulula emandleni amademoni. Labo basachaza umyalelo oqondene nosuku lweSabatha ungathi kungalotshwanga iTestamente elisha elithi kwabaseKolose 2:16-17: ANgakho makungabikho-muntu onilahla ngokudla nesiphuzo, noma ngemikhosi, noma ukwethwasa kwenyanga, noma amasabatha. Makukhanye kithini sonke ukuthi ngokutshela abantu ukuba bangasebenzi nosuku lwesabatha, uNkulunkulu wayengafuni ukuvimba umuntu ukwenza umsebenzi wothando odingekayo nangosuku lwesabatha. Uthando lungukugcwaliseka komthetho. Kushiwo uthando olungahambelani nokweqa umyalelo

kaNkulunkulu, njengalokhu ukweqa umyalelo wesithupha, ngisho ukuhlangana ecansini kwabangaganeneyo okubizwa ngabadelelayo uNkulunkulu nezwi lakhe ngegama elihle lothando. Labo bakhohliwe okulotshiwe ku-1 Joh. 5:3 ukuthi ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba sigcine imiyalo yakhe.

AmaLuthere ayasolwa futhi ngencazo yabaningi abachaza umyalelo wokuqala ngayo, bathi: UNkulunkulu walahla ukwenza zonke izithombe, noma eyalile uMose ukuhlobisa itabernakele noSolomoni thempeli ngezithombe ezihle. Abaqapheli ukuthi uNkulunkulu ulahla kuphela izithombe umuntu azikhonzayo, akhuleka kuzo. Izithombe ezisikhumbuza ukuthi uNkulunkulu unguBaba osithanda kangaka, azilahlwa, njengalesiyasithombe esikhomba uyise wendodana ebuyele ekhaya nokwamukelwa nguyise ngentokozo enkulu. UJesu ngokwakhe wakhuluma ngemifanekiso eminingi ukuphawula umbuso kaNkulunkulu, abantu babone ngemifanekiso ubuhle bombuso wakhe. Isithombe sesiphambano siyisikhumbuzo esihle sokukhumbuza bonke abasibonayo ukuthi uJesu wasifela esiphambanweni, nesithombe esimkhombisa emi phezu kweliba lakhe liyasikhumbuza ukuthi uJesu unguMnqobi bokufa neliba.

Kuhle uma umuntu efunda njalo ngokusha incazo yemiyalelo eyishumi eKhathekisimini lekerike lakithi. Khona uzobona ukuthi ngomyalelo nomyalelo uNkulunkulu ubiza kithi ukuba simesabe, simethande, simethembe phezu kwezinto zonke, sibize igama lakhe ekuhluphekeni kwethu, silidumise entokozweni, siphathe izwi lakhe njalo njengezwi elingcwele, silizwe, silifunde ngokujabula, sihloniphe abanamandla phezu kwethu lapha emhlabeni, sisize omakhelwane bethu ezinhluphekweni zabo zonke, ukuganana kuphathwe phakathi kwamakholwa ngenhlonipho enkulu, kuhlonishwe nezimpahla zawomakhelwane, sikhulume iqiniso, siqonde ukuthi uNkulunkulu akafuni ukuvimba izenzo namazwi amabi ngemiyalelo yakhe kuphela, kodwa uyasambulela ngomyalelo wesishiyalolunye noweshumi isifiso esibi. AKuthi ngendlela enjalo lomyalelo othi: Ungafisi, wohlala ufana neminye yonke, ongayeki ukusimangalela nokukhomba ukuthi bunjani ubuqotho bethu phambi kukaNkulunkulu. Kusho ukuthi imiyalelo iyasambulela ukwazi ukuthi siyizoni, yonke imilomo yethu iyavinjwa, bonke abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke baqonde ukuthi banecala phambi kukaNkulunkulu, nokuthi badinga uMlamuleli, uMhlengi noMsindisi onguJesu Kristu. Siyamdinga. Kuqinisile umthetho kaNkulunkulu usho njalo.

KuEksodusi luyalandwa ukuthi kuthé abantwana bakwaIsrayeli sebezwile imiyalelo eyishumi Abathuthumela, bema kude, bathi kuMose: Khuluma wena kithi, sizwe; kepha uNkulunkulu

makangakhulumi kithi, funa sife. UMose wayesethi kubantu: Ningesabi, ngokuba uNkulunkulu uzé ukuba anivivinye, ukumesaba kube semehlweni enu, ukuze ningoni. Inhloso yokuphiwa umthetho kaNkulunkulu ithi: Ningoni! Akukhulunywa ngezono zabantu ukuba baqhubeke ezonweni, kodwa baphenduke kuzo. Kuyakhulunywa ngomthetho nangomsebenzi wawo wokusambulela ukwazi isono, kungabi sone, kodwa sikhumbule njalo ukuthi asidingi uMlamuleli, uMhlengi, noMsindisi kuphela, kodwa sizwe ngevangeli likaJesu Kristu ukuthi ukhona, sinaye, AsinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo; yena uyinhlawulo ngezono zethu, kungengezethu zodwa kodwa nangezezwe lonke. Ngokwazi leliqiniso elihle asenzi umthetho ize, siyawuqinisa ukuba abakholwayo leliqiniso baphiwe inhliziyo entsha, bathande uNkulunkulu phezu kwezinto zonke, bathande nabo omakhelwane babo, njengalokhu bethandiwe nguJesu, uMlamuleli, uMhlengi, uMmeli, uMsindisi wabo, isilinganiso sothando lwethu singabi sokuzithanda thina kuphela, kodwa sibe ukuthandwa nguJesu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba osezulwini, osambulele uthando lwakho ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho, siyacela kuwe ukuba sikwethande ngenhliziyo yonke, sithande omakhelwane bethu, njengalokhu sizithanda thina, sibathande, njengalokhu sithandiwe nguwe. Siyacela kanjalo ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 26/136

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2007 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.